
*Izwi lakho. Umphakathi wakho. Amandla akho.*

UCHUNGECHUNGE LWEZINCWAJANA ZOLWAZI ZOHULUMENI BASEKHAYA

# Ukuqonda Ohulumeni Basekhaya

UNDERSTANDING LOCAL GOVERNMENT



MY MUNICIPALITY
compact
PARTICIPATE
PLAN
ACCOUNT

Le ncwajana ihlinzeka ngolwazi mayelana nohulumeni basekhaya eNingizimu Afrika.

Omasipala babaluleke kakhulu futhi bahlinzeka ngezinsizakalo ezenza ukuthi sikwazi ukuphila impilo enesithunzi futhi sihlale singumqemane.

## Yini okufanele yenziwe omasipala?

Isigaba se-152 kanye nese-153 (Isahluko sesi-7 Esiqondene Nohulumeni Basekhaya) soMthethosisekelo ziyalela ukuthi uhulumeni wasekhaya kumele abe nobuqotho, alalele izidingo zakho, futhi aphendule ngezinqumo azithathayo. Umsebenzi othweswe uhulumeni wasekhaya ikakhulukazi wukuhlinzeka ngezidingongqangi. Kodwa-ke umsebenzi kamasipala awugcini nje kuphela ngokuhlinzekwa kwezinsizakalo. Uhulumeni wasekhaya othuthukisayo uphathelene futhi nokwenza ngcono izimpilo zansuku zonke zabantu, ikakhulukazi amakhaya adla imbuya ngothi. Lokhu kusho ukuthi omasipala kumele basebenzisane nabantu kanye nezinhlangano emiphakathini yabo ukuthola izindlela eziwusizo zokuhlangabezana nezidingo zenhlalo, zomnotho kanye nalezo eziyisisekelo ezidingwa ngumuntu empilweni yakhe yansuku zonke, ukuze kuqinisekiswe impilo engcono kumuntu wonke. **Izinhloso-ngqangi** zikahulumeni wasekhaya ukwenza lokhu:

- Ukusebenza ngendlela enobulungiswa, evulelekile, enobuqotho futhi aphendule ngezinqumo zakhe nokunye akwenzayo
- Ukuqinisekisa ukutholakala kwezinsizakalo kanye nokuthi kumele zihlangabezane nezidingo zomphakathi
- Ukukhuthaza ukuthuthukiswa kwenhlalo-mnotho
- Ukukhuthaza ukuphila endaweni ephephile nenempilo
- Ukulekelela imiphakathi ukuthi izibandakanye kakhudlwana kulokho aqoka ukukwenza uhulumeni wasekhaya kanye nasezinqumweni zakhe

## Yiziphi izinsizakalo okumele zihlinzekwe omasipala?

Usheduli 4b no 5b woMthethosisekelo uyibeka ngokucacile imisebenzi okumele ihlinzekwe uhulumeni wasekhaya. Le misebenzi ibandakanya:

- Amanzi nokuthuthwa kwendle
- Ugesi
- Ukuthuthwa kwemfucuza
- Izinqumo mayelana nokusetshenziswa
- komhlaba
- Izikhungo zokunakekela izingane
- Izikhungo zokucisha umlilo
- Izinto zokuthutha umphakathi
- Imithethonqubo yokwakha
- Amapaki kamasipala, izindawo zokungcebeleka nezemidlalo
- Izibani zokukhanyisa imigwaqo
- Ukuhweba emgwaqeni

**Uhulumeni wasekhaya othuthukisayo nguhulumeni wasekhaya ozibophezele ekusebenzisaneni nezakhamuzi kanye namaqembu emphakathini ukuthola izindlela ezisimeme zokuhlangabezana nezidingo zabo zenhlalo, zomnotho kanye nalezo eziyisisekelo ezidingekayo empilweni yansuku zonke kanye nokwenza ngcono izinga lempilo abayiphilayo.**

## Ukubusa ngokubambisana

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika uhlukanisa uhulumeni ngokwamazinga noma imikhakha emithathu: okuwuhulumeni wasekhaya, uhulumeni wesifundazwe kanye nohulumeni kazwelonke. Zonke izigaba zontathu zivumelekile ukuphasisa imithetho (umsebenzi wezomthetho) futhi ziguqule izinhlelo zibe yimisebenzi ebonakalayo (umsebenzi weziphathimandla zikahulumeni). Nakuba izinga ngalinye lineyalo imisebenzi elithweswe yona futhi likwazi ukusebenza lodwa, kumele futhi lisebenzisane namanye amazinga njengeqembu ukuqinisekisa ukuthi zonke izinsizakalo ziyafinyelela kithina.

Into ebalulekile okumele iphawuleke ukuthi **uhulumeni wasekhaya awulona ihhovisi likahulumeni kazwelonke noma wesifundazwe**, kodwa uyizinga likahulumeni ngokwawo, futhi unabantu abakhethwe nguwena (amakhansela) kanye nezinsizakusebenza ezabelwe wona ngqo.

### COGTA

UMnyango Wezokubusa Ngokubambisa kanye Nezindaba Zendabuko (COGTA) wethweswe umsebenzi wokuqinisekisa ukuthi wonke amazinga kahulumeni asebenzisana kahle.

## Imikhakha yomasipala

**Kunezinhlobo ezintathu ezahlukene zomasipala:**

| Umkhakha A<br>Omasipala Abayimikhandludolobha (ama-Metro) | Umkhakha B<br>Omasipala Bendawo (ama-LM) | Umkhakha C<br>Omasipala Bezifunda (ama-DM) |
|---|---|---|
| amadolobha amakhulukazi ayisi-8 eNingizimu Afrika | Izindawo ezingaphandle kwama-metro (amadolobha + emakhaya) | 3-6 Omasipala Bendawo abahlangene ndawonye |
| Amandla nemisebenzi yabo kubanzi | Babelana ngamandla noMasipala Bezifunda | Balawula intuthuko futhi kwabelwane ngezinsizakusebenza |
| Imikhandlu inamakhansela angafinyelela kuma-270 | Ukuhlukana kwemikhandlu: 50% PR, 50% Amakhansela Ezigceme | Umkhandlu: 40% ama-PR akhethwe ngqo, 60% abameleli bama-LM |
| 50% Ukumeleka ngokwenani lamavoti (PR), 50% Amakhansela Ezigceme | | |

## Ubani obandakanyekayo kohulumeni basekhaya?

Uma abantu becabanga ngomasipala, bavamise ukucabanga ngamakhansela kanye nezikhulu noma abasebenzi abaqashwe ophikweni lwabasebenzi bakamasipala. Kodwa-ke umthetho ubalula ukuthi umphakathi nawo uyingxenye kamasipala ngokufanayo nje nezinhlaka zawo zezepolitiki kanye nophiko lwabasebenzi.

*Umasipala ubandakanya izinhlaka zezepolitiki nophiko lwabasebenzi bakamasipala, kanye nomphakathi kamasipala.*

Isigaba 2(b)(i) kanye no (ii) soMthetho Wezinhlaka Zomasipala

## Indlela yokuqhuba umasipala ngokubambisana nensebenziswano

**Kubalulekile ukubambisana phakathi kophiko lwabasebenzi, amakhansela kanye nomphakathi wendawo.** Lo mdwebo ongezansi ubonisa **izinsika ezintathu zohulumeni basekhaya kanye nendlela ezisebenzisana ngayo**. Amandla okwenza izinqumo asuka emphakathini wendawo adlulele kubameleli babo abakhethiwe kanye nezinhlaka, bese edlulela ophikweni lwabasebenzi okuyilona okumele luthathe izinyathelo zokufezekisa lezi zinqumo. Ngakolunye uhlangothi, uphiko lwabasebenzi lona kumele lubike ezinhlankeni zezepolitiki, bese kuthi abameleli abakhethiwe bona babikele abahlali kanye nemiphakathi.

Baphendula kulaba ↑

Banikeza isiqondiso senqubomgomo futhi bathathe izinqumo ↓

### UMPHAKATHI WENDAWO

Lokhu kusho bonke abantu abahlala futhi basebenze kumasipala kanye nezinhlangano abangamalungu azo, ezinjengezinhlangano zomphakathi, izinyunyana noma izinhlangano zamabhizinisi.


### IZINHLAKA ZEZEPOLITIKI

Lokhu kusho amakhansela ezigceme kanye namakhansela e-PR akhethelwe ukumela abahlali emkhandlwini.

### UPHIKO LWABASEBENZI

Kusho uphiko lwabasebenzi bakahulumeni – izikhulu, abaphathi kanye nabasebenzi abenza umsebenzi wonkana.

# 1. UMPHAKATHI WENDAWO



## Uyini "umphakathi wendawo"?

Umphakathi wendawo wakhiwe:

- Abantu abahlala ngaphansi kukamasipala (kubandakanya abantu abampofu kanye namaqembu ancishwe amathuba).
- Abantu abakhokha intela kamasipala, bakhokhele futhi nezinsizakalo.
- Izinhlangano zomphakathi, izinhlangano ezingenzi nzuzo (ama-NGO), abomkhakha ozimele, izinhlangano zabasebenzi, amabandla, izithangami zomphakathi, njalo njalo.
- Izivakashi kanye nabantu abahlala ngaphandle komasipala abasebenzisa izinsizakalo nezikhungo zomasipala.

Wonke umuntu emphakathini wendawo unelungelo:

- Lokubamba iqhaza ezinqutsheni zikamasipala zokuthatha izinqumo.
- Lokukhalaza kanye/noma ukwenza izincomo maqondana nalokho okwenzekayo kumasipala, ngokuthi abhale incwadi noma azifikele mathupha, bese emuva kwalokho elindela impendulo esheshayo.
- Lokwaziswa njalo futhi ngokuqhubekayo mayelana nezinqumo ezithathwe wumkhandlu okungenzeka zibe nomthelela kuyena, ngokunjalo futhi aziswe nangesimo sikamasipala.
- Lokunxusa ukuthi imihlangano yomkhandlu neyamakomidi ivuleleke, ibanjwe ngendlela enobuqotho nengakhethi iphela emasini, futhi ingaqhutshwa yinhloso yokuzicebisa nokuzitholela inzuzo komuntu siqu.

**Amakomidi ezigceme** akhethelwa ukumela izidingo nezimfuno-sidingo zemiphakathi yendawo komasipala. *Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa bheka incwajana equkethe ulwazi i-COMPACT eqondene namakomidi ezigceme.*

# 2. IZINHLAKA ZEZEPOLITIKI



Umkhandlu iwona owuhlaka oluphakeme kunazo zonke othatha izinqumo zezepolitiki kumasipala. Unakho kokubili igunya lokushaya imithetho kanye negunya leziphathimandla:

- **Igunya lokushaya imithetho** lisho amandla okuphasisa imithetho kamasipala, ukunquma ngezinqubomgomo zikamasipala nezabelomali, kanye nokwenza umsebenzi wokuqapha nokuhlola umsebenzi kamasipala wonkana.
- **Igunya leziphathimandla** lisho amandla okuhola, okwengamela kanye nokulawula umsebenzi wophiko lwabasebenzi, kanye nokufezekisa izinqubomgomo nezinhlelo.

## IZINHLAKA ZIKAMASIPALA KANYE NABADLALI-NDIMA

Amakhansela akhiwe yizinhlaka nabadlali-ndima abaningana, futhi bonke laba banamandla ezomthetho ahlukene kanye nemisebenzi ehlukene. Lokhu kubandakanya:

> Uma ufuna ukuthola ulwazi oluthe xaxa bheka incwajana yolwazi i-COMPACT eqondene namakhansela ezigceme

- **Amakhansela:** kusho amakhansela ezigceme akhethiwe kanye namakhansela aqokwe ngokwenani lamavoti atholwe yiqembu okhethweni (PR), ngalinye linesihlalo emkhandlwini, futhi ngokuhlanganyela athweswe umthwalo wokumela izimfuno-sidingo zakho, abambe iqhaza ekwakhiweni kwezinqubomgomo futhi enze umsebenzi wokuqapha nokuhlola, futhi aqinisekise ukuphatha okuhle nokuhlinzekwa kwezinsizakalo ngendlela efanele kumasipala.
- **Usomlomo:** yikhansela elikhethwe wumkhandlu ukuthi libize imihlangano yawo, libeke i-ajenda yemihlangano, futhi liphoqelele ukuthotshelwa kweMigomo Yokuziphatha Yamakhansela (COCC). Usomlomo uyena umsingathi nomgcini womsebenzi wokubamba iqhaza komphakathi futhi owengamele amakomidi ezigceme kumasipala.
- **Usodolobha noma iMeya:** ohlelweni lwemeya lokusebenza ngokuhlanganyela kukhona usodolobha, onamandla amakhulu okuphatha, elekelelwa yikomidi lemeya. Ohlelweni lokusebenza kweziphathimandla ngokuhlanganyela imeya ikhona ngegama nje kuphela futhi amandla okuphatha asezandleni zekomidi leziphathimandla.
- **Ikomidi leMeya:** imikhandlu yomasipala eminingi inosodolobha oqoka ikomidi lemeya (ngokuvamile elibizwa ngokuthi yi-"Maycom" noma i-"Mayco") elisebenza njengekhabhinethi lendawo, futhi elilekelela ngokwezepolitiki ekuholeni ukwakhiwa nokuqaliswa kwezinhlelo. Usodolobha ngusihlalo waleli komidi. Eminye imikhandlu isungulwa njengekomidi leziphathimandla (ngokuvamile elibizwa ngokuthi yi-"Exco"), njengalokhu kunqume u-MEC wohulumeni basekhaya. Umkhandlu ukhetha amakhansela azongena ezikhundleni zokuba yiziphathimandla futhi amandla kwabelwana ngawo ngokuhlanganyela.
- **Amakomidi Angenakuguguka noma Amakomidi Aqaphe Iminyango:** lawa ngamaqembu amakhansela agxile ngokujulile emisebenzini ethile nasezindabeni ezithile. Angamakomidi okweluleka ikomidi leziphathimandla noma ikomidi lemeya. Amakomidi anjalo asebenza njengesixhumanisi phakathi kophiko lwabasebenzi kanye nohlaka lwezepolitiki, futhi aqondene nemisebenzi kamasipala ethile ebalulekile kanye neminyango ehlobene nalokhu, isibonelo, ezamanzi nokuthuthwa kwendle. Yonke imikhandlu kumele ibe namakomidi ayo aqaphe ukusetshenziswa kwezimali zikamasipala (MPAC).
- **Osotswebhu:** ngamakhansela aphezulu ngokwesikhundla avela eqenjini lezepolitiki ngalinye, umsebenzi wawo okuwukuqinisekisa ukuthi wonke amalungu eqembu avota futhi akhulume ngokuhambisana nezinqubomgomo zeqembu lelo. Baphinde futhi babeke ama-ajenda emihlangano ngokubambisana nosomlomo futhi bathumele amakhansela azomela iqembu emakomidini.
- **Usotswebhu Omkhulu:** ngusotswebhu weqembu elithole amavoti amaningi kunawo wonke amanye (iqembu elibusayo). Ulekelela usomlomo ekuphatheni umkhandlu.
- **Izinguyazana zamaqembu:** inkundla lapho iqembu lezepolitiki ngalinye lihlanganisa ndawonye amakhansela alo ukuxoxisana ngesimo salo maqondana nezabelomali, izinhlelo, izinqubomgomo, noma imithetho kamasipala.

## 3. UPHIKO LWABASEBENZI

Uphiko lwabasebenzi bakamasipala, olwaziwa futhi ngophiko lwabasebenzi bakahulumeni, lwakhiwe ngabantu abaqashelwe ukuqalisa (ukufezekisa) izinqubomgomo kanye nezinhlelo ngenhloso yokuhlinzeka ngezinsizakalo. Izikhulu nabasebenzi bakamasipala bona abakhethwa, futhi basebenzela umasipala, kungakhathalekile ukuthi yiliphi iqembu lezepolitiki elibusayo. Kumele babe namakhono nolwazi olunzulu lwemisebenzi okumele bayenze, isibonelo, ubunjiniyela noma ukuhlela idolobha.

Inhloko yophiko lwabasebenzi ngumphathi kamasipala, osebenzisana nethimba lababphathi abakhulu abahola iminyango ehlukahlukene kumasipala.

## Uphiko lwabasebenzi bakamasipala kumele:



- Luhlale luqaphile futhi lukusukumele phezulu ukuhlangabezana nezidingo zomphakathi
- Lulekelele ekwakheni usikompilo lokusebenza kanye nokuthobela isibopho sokuzinikela nokuphendula ngendlela efanele phakathi kwabasebenzi
- Luthathe izinyathelo zokuvimbela inkohlakalo
- Lwakhe ubudlelwane obucacile, lusebenzisane, futhi luxhumane nomphakathi
- Lunikeze ulwazi oluphelele futhi olunembayo mayelana nezinga lezinsizakalo okumele zitholwe ngabantu
- Luwazise umphakathi mayelana nendlela ophathwa ngayo umasipala, izindleko ezibandakanyekayo, kanye nabantu okuyibona abaphethe

Umphathi kamasipala kanye nababphathi abakhulu kumele basayine izivumelwano zokusebenza, okumele zitholakale kuwebhusayithi kamasipala.

**Ukuze uthole ulwazi mayelana nokuhlela komasipala, ukuqaliswa kwezinhlelo nokulungiswa kwesabelomali, bheka umhlahlandlela i-COMPACT *Working Towards Collaborative Local Government*.**

